

Address by the KZN MEC for Health Ms NP Nkonyeni on the occasion of the Tree Planting Session Event in Dundee

16 November 2007

Programme Director
Hon MEC, Mtholephi Mthimkhulu
District Manager, Mr Mndebele
All protocol observed,

Kuyinjabulo enkulu ukuthi namhlanje sibe nani lapha kulendawo yase Dundee. Sibingelela nabo bonke laba abakhe kulesifunda sase Mzinyathi, imiphakathi evela:

- eNdumeni
- Nquthu
- Msinga
- Umvoti

Inhloso yohambo lwethu namhlanje okuzobonisana ngezindlela eziyizo zempilo njengaloku sihamba noNgqongqoshe wezoLimo, ohloniphekile umnumzane **Mtholephi Mthimkhulu.**

Lapha sizobheka ukuthi ngabe impilo yenu niyinakekela kanjani, sibheke futhi nanokuthi singaniqhwashisa kanjani,

bese ke sinazisa nangamathuba atholakala ngaphakathi eMnyangweni wezeMpilo

Ngizoqala ngisho ukuthi uMnyango wezeMpilo uzakhile izizinda lapho abantu abadinga usizo bengaluthola khona njengoba nje sinalezizakhiwo:

- 4 District Hospitals
- 1 Specialised Hospital in Greytown
- 31 Provincial clinics
- 4 Getaway clinics
- 6 Municipal clinics
- 1 NGO clinic

Loku kukhombisa ngokukhombisa ngokusobala ukuthi loMnyango thina esikuwo ulwisana nezifo, ulwisane nobubha bese unikeza nethemba.

Thina ke eMnyangweni wezeMpilo sesithathe isinqumo sokuthi silwisane ngqo nobubha ukuze kuzogcapha izifo nabantu banethezeke.

Kuhle nje nginazise ngamathuba akhona njengamanje eMnyangweni wezeMpilo.

Yazini ukuthi izikhungo zethu kulindeleke ukuthi ngaso sonke isikhathi zigcine zicocekile ngaleyondlela sihlala sikudinga loku okulandelayo:

- detergent liquids,
- kitchen cloths,

- bed sheets,
- towel-dressings and theatre towels,
- urinal disinfectants,
- safety syringes,
- white night-dresses,
- white dust coats and white head-bands, as well as
- deodorant blocks.

Njengoba ngishilo nje, ziningi izinto esizifunayo kubalwa:

- mortuary cleaners,
- various types of brooms,
- staple removers and
- epaulettes and jerseys.

The total procurement budget for the current financial year (2007–2008) is R4 billion rand

Konke ke loku esingikubalile kuzokhishwa kusabelo sezimali salonyaka.

Singuhulumeni onakekelayo, sithi sesikwenze kwaba umgomo wethu ukuqikilela ukuthi osomabhizinisi abaNyama bayahlomula kumathuba akhishwa uhulumeni. Sithi ke walala wasala.

Kubalulekile ke ukuthi ngiphinde ngiveze ukuthi sekusele izinsuku eziyishumi nane nje vo ukuthi umhlaba wonkana uphinde uhlanganyele ukukhumbula labo asebasishiya emhlabeni mayelana nesifo sengculazi.

Ngokuphathelene nalesisifo, singumphakathi walendawo makusicacele ukuthi izinhlelo zethu ezibheke kuloludaba zimayelana nokwenza isizukulwane esingenalo leligciwane.

Working Towards an AIDS free Generation

Singumnyango wezempilo sithi impilo yakho isezandleni zakho.

Masizivikele singayi ocansini sibancane.

THERE IS NO CURE FOR AIDS AND HIV

- Uma ungenalo igciwane, zithibe
- Thembeka kulona othandana naye, naye athembeke kuwe
- Ungalwenzi ucansi olungakhuselekile
- Yiya emtholampilo nothandana naye nizelaphe izifo zocansi.
- Yazi nanokuthi isifo se TB siyelapheka noma ngabe usuphila negciwane lengculazi
- Yazi ukuthi kuyicala elibomvu ukusulela umuntu ngegculazi uma sewazi ukuthi unayo

YOUR SEXUAL LIFE IS YOUR RESPONSIBILITY!!

PHANSI NGO SUGAR DADDY!!

Mangiphinde ngisho futhi ukuthi singuMnyango sikhathazeke kakhulu ngokudlanga kanye nokubhebhetheka kwesifo sofuba [tuberculosis] ikakhulukazi kuyo le District yase Mzinyathi.

Siyakhumbula sonke ukuthi abantu baseMsinga bake bazithola besenkingeni engakanani kulonyaka ophelile.

Mayelana nalesisifo, naku okufanele sikwazi .

I TB iyelapheka iphele, umuntu aphinde aphile kahle ngokugcwele kodwa uma nje eqale weza kithi samhlola ukuthi ikhona na bese emva kwaloko ethatha imithi yakhe ngendlela esimchazele ngayo.

Siyexwayisa ngelokuthi uma ungayithathi imithi yalesisifo ngendlela, siye sishitshe bese siba I MDR-TB [multi drug resistant TB].

Okudlula lapha kuba yiyo le **XDR -TB** [extreme drug resistant] nesibulale abaningi abantu kulesifunda.

Okubuhlungu kakhulu ukuthi I TB iyisifo esihamba ngomoya, *air borne disease*, nokwenza ke kube lula ukuthi lona onayo afakele nabanye,

Yazi ukuthi ukuhlololwa I TB kanye nokuyelapha sikwenza mahhala.

Zibheke uphinde ubhekelele laba abaseduze kwakho wazi ukuthi kungenzeka ukuthi une TB, uma unalezimpawu ezilandelayo:

- Ukukhwehlela isikhathi esingaphezu kwamasondo amabili

- Ukukhwehlela igazi
- Ukungakuthandi ukudla
- Izinhlungu esifubeni
- Ukukhathala noma ukuba buthakathaka komzimba
- Ukujuluka ebusuku noma kubanda, kanye
- Nokuba nephika kalula

Akusicacele futhi ukuthi izifo eziningi ziyelapheka uma nje zisheshe z abonakala.

Different forms of Cancer

Mayela nezinhlubo ezahlukene zomdlavuza sithi

- Umdlavuza uyelapheka uma usheshe watholakala kulowo osumhlasele.
- Kubantu besifazane, sithi abazijwayeze **ukuhlola amabele** abo ngokubheka izigaxa ezingajwayelekile noma baye emtholampilo eseduze nabo ukuyohlolwa
- Abasifazane abaneminyaka engaphezu kwamashumi amathathu, mabenze i-**Pap Smear** (ukuhlolwa kwesibeletso) ekliniki eliseduze nabo.
- Obaba abaneminyaka engaphezu kuka 60 kumele baye ezikhungweni zezempilo ukuyohlola ukuthi abakangenwa yini umdlavuza wezindlala ezingaphansi kwesinye somcamo, i-**Prostate Gland Cancer**

Kubalulekile ukuthi ngicacise ukuthi usizo olukhishwa ngoMnyango wezeMpilo lukhishwa mahhala ukunakekela omama abazithwele, abantwana abangaphansi kweminyaka emihlanu kanye nakubantu abantulayo.

Ngizophetha ngokusho ukuthi mhla zingu 25 kuyo lenyanga, sizobe sesiqalisa ngomkhankaso othi makuvikelwe abesifazane kanye nabantwana. **16 Days of Activism Against Abuse of Women and Children.**

Lapha sithi amadoda angempela ayabanakekela futhi abavikele abesifazane kanye nabantwana.

Maliphele lelihlazo lokunukubezwa kwabantwana.

Maliphele lelihlazo lokudlwengulwa kwabantu besifazane.

Masisebenzise izandla kanye nemiqondo yethu ukwenza izinto zentuthuko.

Sithi impilo egcono kuwo wonke umuntu izotholakala uma nje sesibuyele enhlabathini, saqalisa futhi sazikhizela ukudla emakhaya.

Phambili nomama abazenzela izivande

Phambili nokuzivocavoca

Phansi nogwayi kanye nezidakamizwa